

IBALAZWE LENQUBO YOKUGUNYAZWA KWEZEMVELO

NINGIZIMU AFRIKA

UMBHALO

**Ukugunyazwa
Kwezemvelo**

UHLOBO LWENGCEBO

**Yonke Ingcebo
Embiwayo**

UBUNGAKO

Konke Ukuvukuza

ABATHINTEKAYO



**Umfakisicelo
(Umvukuzi)**



**UMnyango Wezengcebo
Embiwayo Nezamandla**



**Umphathi Wesifunda
(woMnyango Wezengcebo
Embiwayo Nezamandla)**



**UMnyango
Wezemvelo**



**Abantu
Abanentshisekelo
Nabathintekayo**

Akekho umuntu noma inkampani engahlolela ukuvukuza noma engavukuza - noma ukwenza noma emiphi imisebenzi ehambisana nokuvukuza ingcebo embiwayo noma imithombo kaphethilomu - ngaphandle kokujala kutholakale imvumo yokugunyazwa kwezemvelo. Ukuze bathole lo mbhalo, kumele benze inqubo yokuhlola Umthelela Kwezemvelo.

I-EIA iwukuhlola imithelela engase ibe khona noma elindelekile kwezemvelo ngenxa yomsebenzi wokuthuthukisa ohlongozwayo. Lokhu kubandakanya inqubo yokubonisana nomphakathi. UMthetho Wokuphathwa Kwezemvelo Kuzwelone umise imigomo yokuphathwa

kwezemvelo okumele ilawule ukuthathwa kwezinumo ngezemvelo kulo lonke uhlelonqubo lwezokuvukuza.

Uma kufakwa isicelo sokugunyazwa kwezemvelo, umfakisicelo kumele athumele i-EIA ihambisana nemibiko yokuhlola eyisisekelo, umbiko wokuhlola nokuhlola komthelela kwezemvelo, umbiko wongoti (njengemibiko yama-geo-hydrologist, ongoti bezamaxhaphozi, ongoti bezemvelo enhlobonhlolo kanye nongoti bezendabuko), izinhlelo zokuphathwa kwemvelo eziwuylaka, izinhlelo zokuvala kanye nokuhlinzeka ngezezimali.

Umfakisicelo ufaka isicelo sokugunyazwa kwezemvelo kuMphathi Wesifunda (umsebenzi woMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla) wesifunda afa sa ukuvukuza kuso noma ukuhlola kuso. Ukugunyazwa kuwumsebenzi kaNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla.

Abantu banelungelo lokufaka isicelo sokuphikisa isinqumo sokugunyazwa kwezemvelo, okungamisa ukusebenza kwalokho okugunyaziwe kuze kupothulwe uhlelo lokuphikisa isinqumo. Inqubo yokuphikisa isinqumo ilawulwa wuMnyango Wezemvelo, Ezamahlathi Nezokudoba.

UKUGUNYAZWA KWEZEMVELO

IZINYATHETO

ABATHINTEKAYO

1 UKUFAKA ISICELO

Uma umvukuzi noma ofisa ukuhlolela ukuvukuza ethumela isicelo semvumo yokuvukuza noma ukuhlola, kumele bafake nesicelo sokugunyazwa kwezemvelo ngokuhambisana naleso sicelo. Kumele basithumele ngohlelo olusebenza nge-inthanethi (i-SAMRAD) futhi bakhokhe imali yokufaka isicelo engenakubuyiswa.



1.1 Uma sekwamukelwe isicelo esifikwe nge-inthanethi, uMphathi Wesifunda uyalela umfakisicelo ukuthi athumele imibiko yezemvelo efanele.



2 ISAZISO KANYEKUBONISANA

UMphathi Wesifunda ukipha Isaziso seSigaba 10 soMthetho Wezokuthuthukisa Kwezengcebo Embiwayo Nezinsiza Zikaphethilomu, esidinda ukuthi umfakisicelo azise abantu abanentshisekelo nabathintekayo ngesicelo esihlongozwayo ukuze kutholakale izimvo zabo.



2.1 EZINSUKWINI EZYI 30

Umfakisicelo kumele abhale isaziso futhi abonisane nomnikazi womhlaba, umuntu okulowo mhlaba ngokusemthethweni kanye nabanye abantu abathintekayo, bese athumele umphumela walokho kuborisana kuMphathi Wesifunda ezinsukwini ezingama-30 kusukela ngosuku lweSaziso seSigaba 10.



UKUGUNYAZWA KWEZEMVELO

NINGIZIMU AFRIKA

3 UKUHLOLA

Kube sekulandelwa izinqubo ezahlukene kuncike ekutheni kuyilungelo lokuhlolela ukuvukuza noma ilungelo/imvumo yokuvukuza. Amalungelo okuhlolela ukuvukuza adinga umbiko wokuhlola oyisisekelo. Izimvumo zokuvukuza noma amalungelo abiza ukuthi kube nokuhlolisa kanye nombiko wokuhlola komthelela kwezemvelo. Lokhu kubhekanwa nakho ngokwahlukana nangokulandela izindlela ezibhalwe ngezansi.

4 UKUHLOLA OKUYISISEKELO KWAMALUNGELO OKUHLOLELA UKUVUKUZA

4.1 Umfakisicelo kumele athumele uHlelo Lokupathwa Kwezemvelo, kanye noMbiko Wokuhlola Okuyisisekelo.



4.2 Kubanjwa umhlangano nabantu abanentshisekelo nabathintekayo ukuze baphawule ngoHlelo Lokupathwa Kwezemvelo oluwhlaka kanye noMbiko Wokuhlola Okuyisisekelo.



4.3 Imibiko ewuhlaka ithunyelwa kuMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze icutshungulwe.



4.4 UNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ube esamukela noma echitha isicelo sokugunyazwa kwezemvelo.



4.5 **UKUPHIKISA ISINQUMO**
Abaifikisicelo noma abantu abathintekayo abaphikisa isinqumo sikaNgqongqoshe bangafaka isicelo sokuphikisa isinqumo kuMnyango Wezemvelo.

5 UKUHLOLELA AMALUNGELO OKUVUKUZA

5.1 UMBiko Wokuhlola Okuyisisekelo nabathintekayo uhlinzekelwa bese kubanjwe umhlangano ukuze kutholakale izimvo.



5.2 UMBiko Wokuhlola Owuhlaka, undawonye nezimvo zabanentshisekelo nabathintekayo, ube sewuthunyelwa kuMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze icutshungulwe.



5.3 UMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ube sewamukela noma uchitha uMbiko Wezokuhlola Owuhlaka bese abanentshisekelo nabathintekayo bazizwe ngalokho.



5.4 Uma sesamukelwe, uMfakisicelo uyalelwa ukuthi athumele uHlelo Lokupathwa Kwezemvelo kanye noMbiko Wokuhlola Okuyisisekelo.



5.5 Kubanjwa umhlangano nabantu abanentshisekelo nabathintekayo ukuze baphawule ngoHlelo Lokupathwa Kwezemvelo oluwhlaka kanye noMbiko Wokuhlola Okuyisisekelo.



5.6 Imibiko ewuhlaka ithunyelwa kuMnyango Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ukuze icutshungulwe.



5.7 UNgqongqoshe Wezengcebo Embiwayo Nezamandla ube esamukela noma echitha isicelo sokugunyazwa kwezemvelo.



5.8 **UKUPHIKISA ISINQUMO**
Abaifikisicelo noma abantu abathintekayo abaphikisa isinqumo sikaNgqongqoshe bangafaka isicelo sokuphikisa isinqumo kuMnyango Wezemvelo.

6 UKUGUNYAZWA KWEZEMVELO KUGUNYAZIWE

